



bio watch
SOUTH AFRICA

biodiversity | food sovereignty | agroecology | social justice

handout

Izitshalo ezishintshwe impathafuzo

● Zibonakala kanjani izitshalo esezishintshiwe izimpathafuzo?

Awukwazi ukubona ngamehlo isitshalo esezishintshwe ufuzo. Ummbila oyiGM ubukeka uphilile umuhle njengowemvelo.

● Ukwakheka kwalezimbewu

Lezimbewu zakhiwa ososayensi emagumbini ocwaningo. Bazakha ngokuhlanganisa izimpathafuzo zesidalwa esinjengombila, nezimpathafuzo zesinye isidalwa, njengegciwane esingahlobene ngalutho (neze) naso ngokwemvelo.

● Izibulala khula kanye nezibulala nambuzane

Izinhlabo zezitshalo ezishintshwe izimpathafuzo. Zimbili izinhlobo ezibalulekile.

- Eyokuqala yakhelwe phakathi esitshalweni ngempathafuzo ekhiqiza ubuthi obubulala isihlava esijwayele ukudla lesositshalo.
- Eyesibili yakhiwe njengempathafuzo eyenza ukuba isibulala- khula esisetshenziswayo singasibulali isitshalo, kodwa kufe konke okunye njengokhula nezinye izitshalo ezingakhelwe ngalenhlobo.

Ezinye izitshalo zakhiwe ukuba zenze kokubili loku, zibulale izihlava, bese zibulala nako konke okumilayo okungesona isitshalo esifunekayo. Azikho izitshalo zeGM ezidalelwe ukukhiqiza kakhulu.

● Izitshalo zeGM eMzansi Afrika

Umzansi Afrika ukuphela kwezwe eAfrika elaqala ukuvumela ukushintshwa kwezimpathafuzo ezitshalweni zokudla okubalulekile kubantu njengo-mmbila. Izitshalo zeGM ezitshalelwe uhwebo yilezi:

- Ummbila ophuzi (ubhokide)
- Ummbila omhlophe
- Ubhontshisi isoya
- Ukotini



Ingabe lommbila ukhiqizwe ngembewu eyi GM? Angeke ukwazi ukubona isitshalo esikhiqizwe nembewu eshintshwe impathafuzo ngokubuka ngamehlo!

● Izindlela zolimo

Ukwamukela izimbewu zeGM kusho ukwamukela indlela entsha yolimo. Abalimi baye bafanele ukushintsha izindlela zokukhiqiza abazijwayele nabanekehono kuzo baqale indlela entsha yokutshala izitshalo eziwuhlobo olulodwa, ezinezimbewu ezintsha kubo, abangebona abanikazi bazo. Lokho kusho ukuthi abalimi bancika ekuthengeni izimbewu nomanyolo ababizayo ngaphandle.

● Ubunikazi bezimbewu

Izimbewu eziguqulwe izimpathafuzo zinabanikazi abayizinkampani ezinkulu njengo Monsanto. Lokho kusho ukuthi abalimi abathenga lezimbewu abasoze bazibiza ngezabo ngokweqiniso. Bathola imvume kuphela yokutshala lezimbewu kanye njalo ngesikhathi sokutshala. Abakwazi ukuzigcina lezimbewu baphinde bazitshale. Abasoze baba abanikazi bazo nanini. Uma impova yalezitshalo isuka ensimini yomunye iya ensimini yomlimi ongayitshalanga lembewu, inokungena ezitshalweni zakhe lowo yonakalise imbewu yakhe emsulwa.

● Imiphumela nokukhathazeka

Ziningi izizathu ezenza sikhathazeka ngommbila osushintshwe ubumvelo bawo (GM) nezinye izitshalo zokudla. Bheka ekhasini elilandelayo ngolwazi ngemiphumela emibi ebeka yonke impilo yomuntu esimweni esingesihle, esihlukumezayo.

Kusukela kubalimi nakubathengi lezitshalo azikhuli emhlabeni wonke.

Kungani kumele sikhathazeke?

● Ama GMO abeka Impilo ebungozini

Lezitshalo eseziguqulwe ubumvelo bazo (GM) zibeka izimpilo zemiphakathi yasemaphandleni engcupheni yokungaphephi kokudla nokungakwazi ukulawula izimpathafuzo ezimbewini eziyifa lesizwe. Ukugodlwa kwamalungelo ezimbewu ezithile yizinkampani ezinkulu, kuvimba amalungelo emvelo abalimi okuzikhethela, agcine, futhi enaniselane nabanye ngezimbewu minyaka yonke.

Abalimi baphoqelelwa ukuthenga izibulala khula ezikhizwa yizo lezinkampani zezimbewu, futhi bacindezeleke ukuzisebenzisa kakhulu lezibulala-khula uma ukhula selunenkani lungasezwele izibulala-khula uma kuchelwa.

Ngenxa yokuba izitshalo lezi eziguqulwe izimpathafuzo zinokuzandisa, zidluliseleka kwezinye izitshalo njengombila wembewu yemvelo yasekhaya ephilayo. Loku konakalisa izimbewu zemvelo zabalimi bese kufaka engozini izinhlelo zolimo zemvelo ebezethembekile ezizukulwaneni ngezizukulwane ezencike ekubekweni kwezimbewu zekhethelo.

Loku konakala kwezimbewu akuphinde kuguquleke.

● Ama GMO abeka impilo engozini

Imiphumela yamaGMO empilweni kuba yilena:

- ukuqubuka, nokuba nezimpawu ezikhombisa ukungazwani nokuthile emzimbeni.
- Imiphumela yobuthi obungaziwa emzimbeni obungaqondeki
- Ukwehla kwezinga lomsoco ekudleni.
- Ukuncipha kokusizakala uma umuntu egula enikwa imithi okuthiwa ama Antibiotics. Ayibe isezwela emzimbeni, izifo azibe zisakwazi ukusinqandeka ngokulindelekile.

● Ama GMO ayingozi emvelweni

Anokudala umonakalo ongaguquki emvelweni njengalokhu:

- Ukonakala kwenhlabathi nokufa kwezimbuzane eziwusizo enhlabathini.
- Ukonakala kwamanzi emifuleni.
- Ukwakheka kwezitshalo ezintsha ezingalawuleki kalula.
- Ukulimala kwezilwanyana zasendle njengezimvemvana, izinyoni, izinyosi nazo zonke ezinye eziphila ngokudla ezitshalweni zasendle zemvelo, nezisiza ukuthwala impova eyandisa izitshalo.
- Ukulahleka kwemvelo enhlobonhlobo.
- Ukwanda kokhula nezihlahla ezingasinqobeki ngokuchelwa ngobuthi obuyisibulala-sihlava nokhula. Lolukhula ludlondlobala lungabe lusalawuleka kanjalo nezilwanyana eziyisihlava ziyadlondlobala zibe nkulu ngoba zingasathinteki yilutho.
- Uma izitshalo zeGM zibuna zibola zishiya ngemuva izimpathafuzo ezakhiweyo, ezinokungena zishone enhlabathini, ziguguleke nemvula. Zingene emifuleni, zonakalise amanzi zingene nasezilwanyaneni eziphila emanzini njengezinhlanzi nokunye. Zonakalisa futhi nezilwanyana ezisenhlabathini eziphilela ukusiza impilo yenhlabathini.
- Uma ama GMO asededeleke emvelweni, njengezitshalo zokudla, inhlabathi, amanzi, izilwanyana eziphila emvelweni, akuphinde kube khona indlela yokuwanqanda.

Lelipheshana liyinxenye yamanye azolandela asalungiswa asozokhishwa uBiowatch South Africa njengendlela yokunika ulwazi oludingwa abalimi base makhaya.



bio watch
SOUTH AFRICA

biodiversity | food sovereignty | agroecology | social justice

Durban office:

222 Evans Road, Glenwood, Durban 4001

Telephone: 031 206 2954

E-mail: info@biowatch.org.za

Web: www.biowatch.org.za

Mtubatuba office:

12 Aloe Business Centre

Aloe Avenue, Mtubatuba 3935

Telephone: 035 550 3148

E-mail: samu@biowatch.org.za